

NguMongameli Dieter F. Uchtdorf
UMeluleki Wesibili KubuMongameli BokuQala



Ukufuna uKristu ngoKhisimusi

Kulabo abafisa ukuqonda kahle ukuthi singobani njengamalunga eBandla lika Jesu Kristu, laba-Ngcwele beziNsuku zokuGcina, ngizothanda ukunika incazelo ngalendlela: Sifuna uKristu

Sifuna ukufunda Ngaye. Simlandele. Sifane Naye

Ezinsukwini zonke zonyaka, sifuna Yena. Kepha ika-khulukazi ngalesikhathi sonyaka—ngoKhisimusi, ngenkathi sibhiyozela ukugubha usuku lokuzalwa koMsindisi wethu othandekayo—izinhliziyi zethu zihlezi zikuYena ngaso sonke isikhathi.

Njengengxenywe yamalungiselelo okugubha uKhisimusi, make sicabange ngalabo abaphile ngesikhathi sasemandulo ukuthi bazilungiselela kanjani ukwamukela kokufika kukaMsindisi.

Abelusi

Asazi kabanzi mayelana nabelusi, kuphela nje ukuthi babe “ngabalimi, beqaphe imfuyo yabo ebusuku.”¹ Kunkwenzeka ukuthi abelusi kwakungabantu abajwayelekile, njengabo bonke abantu abaningi abalungile abachitha izinsuku zabo besebenza ukuze baziphilise.

Bafana nabantu, ngesinye isikhathi ababengamfuni uKristu, kepha izinhliziyi zabo ezashintsha ngenkathi amazulu evuleka futhi kwaziswa ngokuza kukaKristu kubo.

Yibo laba okwathi, emva kokuzwa amazwi ezithunywazase zulwini, masinyane baya eBethlehema befuna ukuyozibonela.²

Amadoda Ahlakaniphileyo

Amadoda ahlakaniphileyo kwaku yizifundiswa ezazikade zifunda ngokuza kukaMesiya, iNdodana kaNkulunkulu. Ngokufunda kwabo, bazithola izimpawu ezazikhombisa ukuzalwa Kwakhe. Kwathi uma sebezitholile, bashiya amakhaya abo bahamba baya eJerusalem, bebuza bethi, “Uphi loyo ozelwe eyiNkosi yamaJuda na?”³

Abagcinanga nje ngokwazi ngoKristu ezincwadini kuphela. Kwathi uma bezibona izimpawu zokuzalwa Kwakhe kwaba khona abakwenzayo. Bahamba bayomfuna uKristu.

Amadoda Ahlakaniphileyo kungaba yilabo abamfunayo uKristu ngokufunda nangokucwaninga izincwadi. Ukuzibophezelela kwabo ekutholeni iqiniso ekugcineni kubaholeleka ekutheni bamthole uKristu futhi bamkhonze njengeNkosi yamaKhosi, uMsindisi wabantu bonke.⁴

USimeyoni no-Ana

USimeon no-Anna kungaba yilabo abafuna uKristu ngosizo lukaMoya. Lemiphefumulo yabantu babengamakhoholwa azinikele futhi, ngokuzila ukudla kanye nangomkhuleko futhi ngokuphila izimpilo ngokuzinikela kanye nokuthembeka, balinda ngokuzimisela ukuze babone usuku lokufika kweNdodana kaNkulunkulu.

Ngokuthembeka, ngokuzithoba, kanye nangokholo, balindela ukuza kukaMsindisi ngokubekezela ngesineke.

Ekugcineni, bathola inzuzo ngenxa yokuthembeka kwabo ngenkathi uMariya noJosefa bebakhombisa ingane leyo ngolunye usuku yayizofela izono zabantu.⁵

Amakholwa phakathi kwamaNefi namaLamani.

Indaba ethinthayo yamakholwa aseZweni Elisha ekhuluma ngokuthi azilindela kanjani izimphawu zokuzalwa kukaMsindisi itholakala eNcwadini kaMomoni.

Niyakhumbula ukuthi labo ababenokholo kuKristu babehlushwa futhi benziwa inhlekisa. Izazi zangaleso sikhathi amakholwa zaziwasola ngokubambelela ezintweni okungezona ezangempela. Equisweni, abahedeni babehlekisa ngamakholwa kangangoba benza “isiyaluyalu esikhulu” ezweni (3 Nefi 1:7). Babeba gcona uka labo ababekholwa ukuthi uMsindisi wayezozalwa.

Bathukuthela Intukuthelo yabo yakhula kangangoba bafuna kakhulu ukubathulisa du bonke labo ababekholelwa kuMsindisi. Incwadi kaMormoni isikhombisa indlela.⁶

Amakholwa ayephila ngalesi sikhathi kungaba yilabo abafuna uKristu ngisho abanye bebahleka, bebagcona, futhi bebahlupha. Bafuna uKristu ngisho abanye bebabuka njengabangahluzekile ngokomgqondo, noma abangathembekile.

Kepha inzondo yabantu ayisoze yenza abakholwa ngokweqiniso badikibale ekutheni bafune uKristu.

Sifuna uKristu

Onyakeni, futhi mhlawumbe ikakhulukazi ngaso lesikhathi sikaKhisimusi, kungasisiza kakhulu uma nje singazibuza umbuzo othi “Mina ngimufuna kanjani uKristu na?”

Ngesikhathi esinzima sempilo yakhe, inkosi enkulu uDavide wabhala wathi, “O Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami; masishane ngizokufuna Wena: umphefumulo wami ufuna wena, inyama yami ifisa wena.”⁷

Mhlawumbe lomoya wokufuna uNkulunkulu ngandlela kungesinye sezizathu uDavide wayechazwe njengendoda eyayifuna inhliziyi kaNkulunkulu.⁸

Ngalesikhathi sikaKhisimusi futhi nakunyaka wonke, make sifune ngezinhliziyi kanye nemiphefumulo yethu uMsindisi wethu othandekayo, Inkosana Yokuthula, oNgcwele ka-Israyeli. Ngenxa yalesi sifiso sethu, iyavela incazelo yokuthi singobani njengamalungu eBandla likaJesu Kristu labaNgcwele Bezinsuku Zokugcina kodwa futhi lencazelo ikhombisa kabanzi ukuthi thina njengabalandeli bakaJesu Kristu ngempela singobani .

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. uLuka 2:8.
2. Bheka kuuLuka 2:15.
3. Bheka kuMathewu 2:1-2.
4. Bheka kuMathewu 16:24.
5. Bheka kuuLuka 10:30-38.
6. Bheka ku3 Nefi 17:1.
7. AmaHubo 63:1.
8. Bheka Izenzo 10:38.

IMFUNDISO EVELA KULOMYALEZO

Singamfuna kangcono kanjani uKristu, njengoba uMongameli Uchtdorf esho? Ungabakhuthaza labo obafundisayo ukuba bazibuze ukuthi, “Mina ngimfuna kanjani uKristu?” Cabanga ngokubamema ukuthi bakhulume ngokuthi bamfuna kanjani uKristu ngesikhathi sokuhlangana komndeni ukufunda imibhalo engcwele. Ungaphinde futhi ubukele ku *Mormon.org* i-video yaKhisimusi kanye nalabo obafundisayo futhi ubameme ukuthi balisebenzise lelithuba elivela kanye ngonyaka lokufuna uKristu ngokulandela izimfundiso Zakhe.

ABANTWANA

Ukulindela uJesu

Banengi abantu ababheka futhi balindela ukuzalwa kukaJesu. Manje nathi sesibheka futhi silindele Yena ukuba eze futhi! Singazilungiselela ngokuba sifunde ngoJesu nokuthi siMlandele. Umlandela kanjani wena uJesu? Dweba inkanyezi bese ubhala imicabango yakho ngaphakathi.



Ukufisa Ukuthwalisana Imithwalo

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukwazi ngenhloso yeNhlango Yabesimame Yosizo kuwalungiselela kanjani amadodakazi kaNkulunkulu ukuba athole izibusiso zempilo yaphakade?

Ukholo, Umndeni, Usizo

“Sizungezwe yilabo abadinga ukunakekelwa yithi, ukugqugquzelwa yithi, ukusekelwa yithi, ukududuzwa yithi, ukukhuthazwa yithi, kanye nomusa wethu,” kwasho uMongameli uThomas S. Monson. “Yithina izandla zeNkosi lapha emhlabeni, sigunyaziwe ukuba sisebenze ngokusiza futhi siphakamise abantwana Bakhe. Yena uthembele kithina sonke.”¹

UMongameli uHenry B. Eyring, uMeluleki wokuQala kubuMongameli bokuQala, wathi: “Ushintsho olukhulu lwenzeka enhliziyweni yakho ngenkathi ungena kuleli Bandla. Wenza isivumelwano, futhi wathola isethembiso esaqala ukushintsha isimo sakho. . . .

“ . . . Wethembisa ukuthi uzosiza iNkosi ekwenzeni izinkinga [zabanye] zibe lula futhi nokuthi baduduzeke. Wanikezwa amandla okuba usize ekuthuleni leyo mithwalo ngenkathi uthola isipho sikaMoya oyiNgcwele.”²

“Sifuna ukusebenzisa isibani sevangeli ukuze sibone abanye

njengoba uMsindisi ebona—ngothando, ngethemba, kanye nozwelo,” kwasho uJean B. Bingham, uMongameli Jikelele weNhlango Yabesimame Yosizo. “Siyeza isikhathi lapho siyoziqonda kahle izinhliziyi zabanye futhi nathi siyogcwala ukubonga ngomusa esenzelwe wona—njengoba nathi sinemicabango emihle ngabanye futhi sikhuluma kahle nabo. . .

“Isibophezelelo sethu ukuba samukele ushintsho *kuwo wonke umuntu* njengoba sonke sizama ukufana kanye noMsindisi wethu.”³

Ngesikhathi sithwalisana imithwalo futhi sigcina izivumelwano zethu, sivula indlela yokuthi uJesu Kristu akwazi ukubelapha abanye. IGosa uJeffrey R. Holland woMgwananda wabaPhostoli Abayishumi naMbili wasifundisa wathi: “Uma sicabanga ngobunzima obungaqondakali boNqamulezo neNhlawulo, ngiyanethembisa ukuthi Akasoze asifulathela manje. Uma ethi kulabo abadabukile emoyeni, ‘Wozani kimi,’

usho ukuthi uyayazi indlela yokuphuma futhi nendlela eya phezulu. Uyayazi ngoba Yena wayihamba. Uyayazi indlela ngoba Yena *uyiyo* indlela.”⁴

Eminye imiBhalo eNgcwele

uMathewu 25:40;

KwabaseGalathiya 6:2;

uMosiya 2:17; 18:8–9

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LE MFUNDISO

1. uThomas S. Monson, “Serve the Lord with Love,” *Liahona*, Feb 2014, 4
2. Henry B. Eyring, “The Comforter,” *Liahona*, May 2015, 18.
3. Jean B. Bingham, “I Will Bring the Light of the Gospel into My Home,” *Liahona*, Nov. 2016, 6, 8.
4. Jeffrey R. Holland, “Broken Things to Mend,” *Liahona*, May 2006, 71.

Ake Ucabange Ngalokhu

Ukuthwalisana imithwalo nokugcina izivumelwano zethu kuyivula kanjani indlela yokuthi uJesu Kristu abelaphe abanye na?